# *UBUHOLI*

[Iqembu labantwana licula *INkolo YakuDala*—Umhl.] Uma linanela du nonke, nathi lisanele du.

2 [Umfowethu uthi, "Manje bakupha ipresenti."—Umhl.] He, lokho kumnandi. [Abantwana banika uMfowethu Branham isipho.] Ngiyabonga. [Udadewethu uthi, "Isipho esincane nje, Mfowethu Branham, abantwana baqongelele openi babo nozuka. Futhi . . .?. . . "] Ngiyabonga. Ngiyabonga, mfowethu omncane. Ngiyabonga, bantwana. Ngibonga ngempela, kakhulu, kakhulu impela. Futhi uNkulunkulu anibusise.

3 Niyazi, uJesu wathi, "Enikupha abancinyane balaba, nikwenzile kiMi." Ningabesilisa nabesifazane bakusasa. Uma likhona ikusasa, niyoba yibo.

4 [Akuqoshwanga eteyipini. Iqembu licula elinye iculo—Umhl.] Ngikholwa ukuthi bengingashumayela amahora amane manje, emva kwakho konke lokho. Besengiqala ukucabanga ukuthi bese ngikhathala. Akumangalisi nina mantombazane amancane nikwazi ukucula kahle kangaka nabafana abancane; lalelani ukuthi odadewenu abakhulu bacula kanjani, nomama benu, abaculi abacula kamnandi. Lokho kuhle ngempela. Ubani lentombazane encane ebihola leloculo, awusiyo intombazane encane engabonana nayo ngapheseya laphaya? Impela inephimbo elihle; nonke. Nivele nje . . . Ngikholwa ukuthi ukucula okuhle ukwedlula konke engake ngakuzwa, kukhona lapha. Nonke niyaliprakthiza ngaso sonke isikhathi na? [Umfowethu uthi, "Qhabo. Sicula kanjalo."] Awu, ngiyanitshela, ni—nibusisiwe ngempela ngokucula okumnandi ngempela ngempela.

5 Ngiyakuthanda ukucula okumnandi. Ngiyakuthanda nje ukucula okumnandi ngempela. Bengihlala ngisho, uma sengifika eZulwini ngifuna ukufika lapho becula khona, futhi ngilalele. Angisoze ngakuthola ukugcwala kwami kokucula.

6 Niyazi, ukucula kuqungana isibindi. Niyakwazi lokho, aninjalo na? Amasosha, uma eya empini, niyazi ukuthi enzani na? Adlala umnyuziki nokucula, nezinto ukuwaqunga isibindi. Futhi uma siya empini, siyacula, futhi—futhi kusiqunga isibindi ukuba siqhubekele phambili.

7 Ngiyanibonga bafo abancane ngalesosipho esihle. Futhi si . . . Unkk. Branham, nakuRebekah, noJoseph, noSarah, nathi sonke, sinibonga kakhulu. Kul'khuni ukusho, ukuthi ngingabatshela kanjani labobafo abancane, "Qhabo. Niqongelele openi benu. A—angifuni ukuyithatha." Niyazi ukuthi ngithinteka kanjani, angifuni ukuyithatha. Kodwa nokho ngibuke phakathi lapha futhi bebenemali eyishumi lamadola

kulelikhadi. Ngacabanga. "Ngingayithatha leyo?" Ngacabanga, "Ngingakwenza kanjani na?"

8 Kodwa ngikhumbula indatshana engifuna niyazi. Ngoluny'usuku kwakukhona umfelokazi, wayenesigejane sabantwana, mhlampe eyakhe...ubaba walabobantwana wase ashona. Futhi owesifazane wayenopeni ababili kuphela. Futhi wehla ngomgwaqo, ngesinye isikhathi... Futhi kwakuyimali yokunikela okweshumi, openi nje njengoba nonke nibaqongelele, futhi wayiphosa engcebweni kaNkulunkulu. UJesu wayemi lapho, embhekisisa. Futhi bengimangala, "Ngangiyokwenzani ukuba ngangikade ngimi lapho na?" Mhlawumbe ngangiyokhuphuka bese ngithi, "Qhabo, qhabo, dade, ungakwenzi lokho. Si—asiyidingi ngempela. Uwena oyidingela abantwana." Niyabo? Manje, ngangingeke ngimvumele akwenze. Kodwa uJesu wamvumela ukuba akwenze. Niyabo, Wamvumela akwenze. Ngani na? Uyazi ukuthi kubusiswe kakhulu ukupha kunokwemukela. Wayazi ukuthi Wayezomenzelani, niyabo.

Ngakho ngiyanibonga bafo abancane, ngayo yonke inhliziyo yami.

9 Ngifuna ukunibonga ngamunye ngamunye wenu, ngalesisikhathi esihle senhlanganyelo, UMfowethu Leo noGene. Lokhu empeleni sekube yizinsuku ezintathu zokukhonza, kimi. Ngisho nangaphandle emenweni, lapho ngizama ukuzidedela mina uqobo ngihambe futhi ngicabanga ukuthi bengizingela, ngathi ngandlela thize noma enye, ngiyanibuka bese nginizwa nikhuluma. Ngibe nenhlanhla ngalentambama ukuvakashela amakhaya enu. Angikaze ngibone, ngingene kunoma yikuphi, ngizokubiza ngesigodi, ukuba ngize ngibone amaningi kangaka ahlanzekile, amakhaya anobunono nabantu, nokukhulu kangaka ukuhlonipha uKristu neVangeli. A—angikaze ngikubone nomaphi. Futhi ngempela niqale emgwaqeni ofanele, qhubekani nje nihambe futhi uNkulunkulu uzoba nani. Futhi kufanele ngibone abanye benu. Ngibone, ngoluny'usuku, labodadewethu, bengingabazi ngisho, ngoba engangikwazi ukukubona kuphela kwakuthi nje akube amehlo abo nekhala, phandle phansi kwesinye salezozimbozo. Futhi manje ngikholwa ukuthi senginazi kangcono, ngobunene bukaMfowethu Leo noGene, ongithathe wangihambihambisa futhi ngivakashela amakhaya enu; ngixhawulane na—nabantwana abancane, abaprofethi nabaprofethikazi bonyaka ozayo, uma ukhona unyaka ozayo.

10 Niyazi, uJesu uyabathanda abantwana abancane. Niyazi, Uyabathanda. Futhi kwakukhona umfana omncane, ngesinye isikhathi, owayethiwa uMose, sizokhuluma ngaye esikhashaneni esincanyana nje. Futhi wayengonomoya omuhle kakhulu... Niyazi yini eyamenza, eyamsiza abe ngumfana onomoya omuhle na? Wayenomama olungileyo ukuba amkhulise.

Niyabo, yilokho-ke. Wamfundisa ngeNkosi. Nani bafana abancane namantombazane unohlobo olufanayo lomama ukuba banikhulise, banifundisa ngeNkosi. Baziseni nje.

11 Niyazi ukuthini, niyazi ukuthi uMyalo wokuqala yimuphi eBhayibhelini, uMyalo wokuqala onesithembiso, nesithembiso na? Mhlawumbe kul'khunyana kini ukuba niqonde lemiYalo. UMyalo wokuqala, okungukuthi, "Ungabi naye omunye unkulunkulu ngaphandle kwaKhe." Kodwa uMyalo omkhulu . . . NoMyalo wokuqala unesithembiso kuwo, niyabo, uqondiswe kubantwana. Benikwazi lokho na? Niyabo, Wathi, "Bantwana, hloniphani abazali benu, okungazelula izinsuku emhlabeni, iNkosi uNkulunkulu wenu aniphe zona." Ukwazisa abazali benu futhi nenze enikwenzayo, kunganinika ukuphila okude emhlabeni, iNkosi eninike zona, isikhathi esiningi sokuMkhonza.

12 Ngiyethemba, namhlanje, ukuthi ngibuka isigejane sabashumayela nabaculi nabavangeli bosuku oluzayo, uma lukhona usuku emva kolwethu.

13 Futhi yinye kuphela into ephezulu lapha, ni—nibulala umfo ngomusa. Ngidla angabe ngisakwazi nokudla, futhi a—futhi angikaze ngiphathwe kakhulu kanje. Ukuba bengiyiNgelosi, eqathake ivela eZulwini, bengingeke ngiphathwe kamnandi kakhulu ukwedlula lokhu. Into kuphela engingayisho kini, ingukuthi, "Ngiyabonga." Futhi uma nisezansi ngendlela yaseTucson, ngingahle ngingakwazi ukuniphatha kahle kangako, ngoba angazi ukuthi kwenziwa kanjani; anginawo amamenazi okukwenza, kodwa ngiyokwenza konke okusemandleni ami. Nehle.

14 UMfowethu noDadewethu Shantz, ngifuna ukubabonga ngempela. Futhi ngaba nenhlanhla yokubonana neyenu enhle, indodakazi esencane, nendodana, kulentambama. Na—nangokusivumela sibe nekhaya lakhe lapha livulelwe ukukhonza. Zazikhona izinto ezinje ezazenzeka ngezinsuku zeBhayibheli, niyazi, ukuthi iVangeli lali . . . Ngiyazi ukuthi kuzwakala kukuncane kakhulu. Thina, besingacabanga ukuthi akunjalo. Kodwa lokhu nje kuyafana njengoba uNkulunkulu . . . kuNkulunkulu, njengoba nabo babenjalo ngalolosuku.

15 Khumbulani, uma bekungabakhona eminye iminyaka eminingi, bebeyobuka emuva lapha bese bethi, "Ukuba ngangiphile ezinsukwini phezulu lapho ePrescot! Ukuba nje ngangiphile . . . " Niyabo? Manje siphila kulolosuku. Niyabo? Bese-ke sehlela ekupheleni komgwaqo, manje-ke silindela umvuzo wethu ngaloloSuku olukhulu.

16 Manje sizovula iZwi likaNkulunkulu bese siyafunda. Kodwa ngaphambi nje kokuba sikwenze, asikhulume kuYe umzuzwana nje.

17 Jesu othandekayo, angikwazi ukuzwakalisa imizwa yami—yami nokubonga kwami kuMfowethu Mercier, uMfowethu Goad, nabobonke lababantu abahle nabantwana babo abancane, ngokuthi basikhombise umusa kanjani selokhu sibe lapha. Umusa ungaphambili le kwanoma yini ebesiyibhekile. Futhi siyazi ukuthi babethandeka futhi benomoya omnandi. Kodwa besingazi ukuthi siyophathiswa ngendlela yasebukhosini ngempela kanje. Futhi, Nkosi, ngikhulekela ukuthi uBukhona baKho buyohlala njalo bukulekhempu yabantu, uMoya oNgcwele uzogcwalisa yonke inhliziyo lapha, futhi Uzobapha ukuPhila okuPhakade. Futhi kwangathi thina, njengoba sithokoza namhlanje, kwangathi kungabakhona uSuku olungapheliyo ukuthi uma siyobuthana eBukhoneni baKhe Esimkhonzayo nesimthandayo, futhi simnike lonke udumo ngalezizinto. Kuze kube yilesosikhathi, Nkosi, sigcine sithembekile kuYe naseZwini laKhe. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

18 Manje, ngibe nani isikhathi eside kakhulu kulokhu ukusa, ngizozama futhi ngikusheshise kakhulu kulentambama, futhi ngikhulume ngendlela engathi kubafo abancane, nomdala baqonde, nabo.

19 Ngifuna ukufunda u—umBhalo lapha, otholakaka eNcwadini kaMarku oNgc., futhi ngifuna ukufunda evesini 17 lesahluko 10 sikaMarku oNgc., ingxenye.

> *Ekuphumeni kwakhe ukuya endleleni, umuntu wagijimela kuye,* eguqa ngamadolo wambuza, ethi, *Mfundisi omuhle, ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?*
>
> *Kepha uJesu wathi kuye, Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? Kakho omuhle munye kuphela,* futhi *lowo ngu, Nkulunkulu.*
>
> *Uyayazi imiyalelo ukuthi, Ungaphingi, Ungabulali, Ungebi, Ungafakazi amanga, Ungamuki umuntu utho, Yazisa uyihlo nonyoko.*
>
> *Wapendula wathi kuye, Mfundisi, konke lokho* ngikwenzile, ngakulalela, *ngikugcinile* (njalo) *kwasebusheni bami.*
>
> *UJesu embheka wamtanda,* lomfo omncane; *wathi kuye, Usasilalelwe into inye: hamba, uthengise ngakho konke onakho, uphe abampofu, khona uzakuba* namagugu *ezulwini: uze, utabate isipambano* sakho, *ungilandele.*
>
> *Kepha wanyukumala ngalelozwi, wamuka edabukile: ngokuba wayenengcebo enkulu.*

20 Manje kubantwana, nakwabadala nabobonke, ngifuna ukwenza loMlayezo omncane ube ngesikhathi impela ngakho

konke engingakwenza, futhi ngokushesha ngakho konke engingakwenza. Futhi ngifuna ukuthatha okwendikimba ethi, "Ngilandele," futhi ngifuna ukuthatha okwendaba ethi: *Ubuholi*. Landela, nomunye bese ehola; *Ubuholi*, nokuthi "Ngilandele." Abasha, abantu, i . . .

21 Kukhumbule lokho, isinyathelo sokuqala sokuba senziwe yinoma ngubani wethu, ukhona owasiholayo. Nina bomama niyasikhumbula isinyathelo sokuqala lowo omncane nentombazane encane abasenzayo, futhi abasasikhumbuli. Kodwa ukhona owakuhola esinyathelweni sakho sokuqala. Ngikhumbula uBilly Paul ngenkathi enza isinyathelo sakhe sokuqala, uJoseph nabobonke abanye, ngenkathi beqala ukwenza isinyathelo sabo sokuqala.

22 Ngokuvamile ngumama othola ukuhola umntwana esinyathelweni sakhe sokuqala, ngoba yena usekhaya ngenkathi ubaba ephumile eyosebenza, ezama ukwenza okokuba kuphilwe. Kodwa, kungukuthi, benza isinyathelo sabo sokuqala. Futhi ngesikhathi sasebusuku uma bengena, ubaba, uhlala njalo esho. "O, baba," wathi, "UJohnny noMary," umfanyana, noma intombazane, "isiyakwazi ukuhamba! Woz'obona!" Futhi isinyathelo esisodwa nje, mhlawumbe umama wadingeka ukuthi ambambe; abambe umunwe kamama, ngoba wawusathe ukuba buthakathaka, futhi wawuthi ukuphendukela eceleni, niyazi, futhi uthi ukuwa kancane. Ngakho wadingeka ukuthi ubambelele esandleni sikamama, ukuba wenze isinyathelo sakho sokuqala.

23 Manje, ukhona owakusizayo, ngenkathi uqala ukwenza isinyathelo sakho sokuqala. Nesinyathelo sakho—sakho sokugcina oke usenze empilweni, ukhona oyobe ekuhola. Niyabo, kunjalo. Ngifuna nikukhumbule lokho. Isinyathelo sakho sokuqala, ukhona owakuholayo. Nesinyathelo sakho sokugcina, ukhona oyobe ekuhola.

24 Sifanele siholwe. Niyazi, uNkulunkulu usifanisa nezimvu. Futhi benazi ukuthi imvu ayikwazi ukuzihola na? Iyozulazula futhi iduke, futhi a—ayikwazi nje ukuzihola. Futhi ifanele ibe nomunye oyiholayo. Futhi ngesinye isikhathi . . . Umelusi wezimvu ufanele ahole izimvu. Manje lokho kwakusemuva ngezinsuku zeNkosi uJesu, WayenguMelusi wezimvu omuhle owayehola izimvu.

25 Kodwa namhlanje, niyabo, siphila kolunye usuku, yonke into isishintshile futhi yaphendukezelwa. Niyazi ukuthi yimuphi umuntu usezihola ngani izimvu namhlanje na? Imbuzi. Futhi niyazi ukuthi leyombuzi iziholela kuphi na? Ekuhlatshweni ngqo. Lezozimvu ezincane azazi ukuthi ziyaphi, ngakho imbuzi yenyukela e—esibayeni, enhla ekuhlatshweni, nemvu akukho okunye ekwaziyo ngaphandle kokulandela umholi, ngakho izihola ziyongena ngqo kulokhu ukuhlatshwa. Bese-ke imbuzi

igxuma yeqe umgudu, nemvu ihambe ingene bese iyabulawa. Niyabo, imbuzi umholi ongafanele.

26 Kodwa uJesu, uMelusi oMuhle Owayehola izimvu, Waziholela ekuPhileni futhi wabamba isandla sazo. Niyabo, kodwa ukhona ofanele ahole izimvu.

27 Okokuqala ngumusa kamama, bese kuba yizwi likababa. Emva kokuba umama esekunika isinyathelo sakho sokuqala, bese ubuka kubaba wakho, sonke, okokuhlakanipha, ngoba uyinhloko yendlu. Futhi yena ngokuvamisile . . . Hhayi ngoba ehlakaniphe ngokwedlulele, kodwa we—wenziwe nje umholi womndeni wakhe, ngakho silandela lokho ubaba wethu athi akwenziwe. Uma ethi, "Manje, ndodana, ngithanda ukuba wenze into ethize-thizeni," bese siyamlalela ngoba ngukuhlakanipha. Kodwa lalelani, niyabo, ufunde okuningininingi futhi sifanele sibuze yena, ukubona ukuthi ufundeni, futhi manje-ke singazuza ngokwakhe, lokho akufundile. Uyasitshela, "Manje ningahambi nenze *lokhu*, ngoba ngakwenza lokho. Ubaba wami wangitshela ukuba ngingakwenzi, kodwa mina ngakwenza, futhi kwabangela *lokhu* ukuba kwenzeke kimi, into embi." Ngakho, niyabo, sizo . . . Manje-ke yena, ubaba, uyasitshela ukuthi senze kanjani, nokuthi sikwenze kanjani okufanele.

28 Manje-ke emva kokuthi siholwe ngumama, kuze kube yisikhathi esifanele sithole ukuhlakanipha okuncane, ukuba siqonde, kubaba, bese sithola omunye. Sithola omunye umholi, nalowo nguthisha, okahle uthisha wesikole. Uzama ukukufundisa futhi akunike imfundo, ukuba ufitheke kahle empilweni, ngendawo, indawo eyiyonayona onga—ongafunda khona iBhayibheli lakho nalapho ongafunda khona amaculo, futhi ungafunda ngoNkulunkulu futhi ufunde, wena uqobo, niyabo. Bese-ke, enye into, mhlawumbe ubungaba nebhizinisi, nomunye akubhalele incwadi, umama, ubaba, omunye akubhalele incwadi, ubungeke uyifunde. Niyabo? Ngakho uthisha, usenawe-ke, futhi ukuholela e—e—ekufundeni ukubhala nokufunda. Futhi kuyinto enhle, uthisha omuhle, ukunifundisa kahle. Kodwa manje emva kokusuka kulokho, wena, emva kokuba ususuka kuthisha, omunye uthisha emva komunye, kusuka kwesincanyana, ibanga elincane lokuqala, kuqhubeke uze uphume esikoleni esiphakeme noma uye ekholiji. Bese kuthi uma usuka ekholiji, bese manje-ke uthisha useqedile ukukuhola. Niyabo?

29 Manje, umama ukufundise ukuhamba, uyabo. Ubaba ukufundise ukuthi ukhaliphe kanjani futhi ube yinsizwa enhle, nokuthi ufanele uzinakelele kanjani futhi uziphathe kahle. Uthisha ukufundise imfundo, ukuthi kufundwa futhi kubhalwe kanjani kahle. Kodwa manje usuyamshiya ubaba, usuyamshiya umama, futhi usuyamshiya uthisha, manje kufanele abekhona okuthathayo kusukela lapha kuqhubeke. Manje ubani ofuna

akuthathe kusukela lapha kuqhubeke na? [Umntwana uthi, "UJesu."—Umhl.] Kunjalo. UJesu angakuthatha kusukela lapha kuqhubeke. Manje, leyo yimpendulo enhle kakhulu, enhle kabi. UJesu uyakuthatha kusukela lapha kuqhubeke.

30 Manje niyambona lomfo omncane esikhuluma ngaye, ubizwa ngombusi osemncane ocebile. Manje, lomfo, wayekade eqondiswe kahle impela. Manje, unina wayemfundise ukuhamba. Futhi, niyabo, wayeseyinsizwa nokho, mhlawumbe esanda kuphuma esikoleni esiphakeme, futhi eyinsizwa ethandwa ngabantu ngempela. Futhi nangokuqeqeshwa kahle, mhlawumbe wahamba ngokufanele, kanjalonjalo, ukuthi unina wayemfundise kanjani.

31 Futhi wayekade eyi—yinsizwa ephumelelayo, futhi, ngoba, bukani, wayesevele ecebile. Futhi wayeseyi—yinsizwa nje, mhlawumbe eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, esanda kuphuma nje esikoleni esiphakeme, futhi wayecebile. Manje, niyabo, wayenohlobo olukahle lukathisha ukuba lumfundise ukuhamba kahle. Futhi wayenohlobo olukahle lukathisha, uyise; kwaze kwathi ngisho nokho eseyinsizwa futhi waye—wayecebile ngemali, wayemenzele inqwaba yemali. Angahle ukuba ngempela waye. . . Wayengumbusi, ngisho esekulelobanga, ephumelela impela. Niyabo? Futhi manje wayeno—nothisha owayemfundisile, wamfundisa into efanele, ukuthi wayezokwenza kanjani. Wayenemfundo yakhe.

32 Kwase kuthi-ke omunye uthisha lensizwa eyayinaye, lokho okuya ngokuthi ukhuliswa kanjani, kodwa lensizwa yayinokufundiswa kwezenkolo ekhaya kubo.

33 Manje, abanye abantwana, benazi ukuthi kunenqwaba yabantwana abancane abangenakho ukufundiswa ngezenkolo ekhaya na? Ubaba wabo nomama wabo abakholelwa kuNkulunkulu. Nobaba wabo nomama, bayaphuza, bayabhema, bayalwa, futhi bagijimela phandle, bejahana, ebusuku, nezinto, futhi ababaphekeli abafana namantombazane abo amancane ukudla kwakusihlwa, nezinto. Anijabuli ukuthi ninolungileyo ngempela ubaba ongumKristu nomama na? Manje, uma seninabantwana, anifuni yini ukuba wuhlobo olufanayo lukababa nomama njengoba eyilo ubaba nomama wenu na? Niyabo? Manje, kodwa konke lokho kuhle.

34 Manje, lensizwa yayikade inayo, futhi yayikade inokufundiswa ngezenkolo. Niyabo, lokho kwakungaphambili kude le kulokho abanye ababenakho, ngoba abanakho ukufundiswa kwezenkolo. Kodwa lensizwa yayikade inakho ukufundiswa ngezenkolo, ngoba, niyabo, ngoba yathi yayiyigcinile imiYalelo kusukela isengumfana.

35 Manje nonke ninothisha abahle abangabafundisi bezenkolo, futhi, ngamunye wenu. Nani-mantombazane asengamatshitshana nabafana, nonke naninothisha abahle,

ubaba wenu nomama lapha kulekhempu, kukhona konke eni . . . konke okunamandla okwenzeka enikwaziyo, okungenzeka, okwenu ukwenza owangempela owesilisa olungileyo nowesifazane, inceku kuNkulunkulu.

36 Ngoba, khumbulani, nizofa ngeliny'ilanga, noma kube ngukuthi nihlwithelwa eZulwini. Futhi uma nifa ngaphambi kokuFika kwaKhe, niyohlwithwa kuqala. Benikwazi lokho na? Benazi yini ukuthi labo abafile . . . Uma umama nobaba efa ngaphambi kokuba kufe nina, noJesu engafiki esizukulwaneni sethu, niyabazi laba, ubaba nomama, bayovuka kuqala, bekhazimulisiwe, phambi kwenu na? Niyabo? Icilongo likaNkulunkulu liyokhala, nabalele kuKristu bayovuka kuqala, khona-ke thina esisaphila sisasele siyohlwithwa kanye nabo. Siyoguqulwa kanjalo. Sifanele sikhumbule, leyo yinto enkulu empilweni. Niyaqonda manje na? Leyo yinto enkulu empilweni, sifanele senze, ngukuba silungele ukuba sihlangabeze uNkulunkulu.

37 Manje, inkolo nje ngeke isebenze. Niyabo, lombusi osemncane oyedwa lapha, wathi, "Mfundisi omuhle . . ." Manje khumbulani, ngaphambi kokuba ngikusho. Wayekade efundiswe ukuthi ahambe kahle. Wayenemfundo enhle. Wayekade efundiswe ibhizinisi. Futhi wayecebile, futhi wayengumbusi, futhi wayenenkolo. Kodwa wanqwamana nenye inkinga, inqwamana nathi sonke, ukuPhila okuPhakade. Inkolo ayisiniki ukuPhila okuPhakade. Ezenkolo, yisembozo, kodwa ayisiniki ukuPhila okuPhakade. Kepha nokho, yena wafundiswa ngothisha ababedlula bonke owayekhona, nokho wayesasilalelwe ngokuthize. Nensizwa yayikwazi, ngoba yathi, "Mfundisi omuhle ngingenzenjani ukuze ngidle ifa lokuPhila okuPhakade na?"

38 Manje, nina, niyakholwa ukuthi uJesu unguNkulunkulu, anikholwa na? Ngakho Wayeyazi imicabango yensizwa, ngakho Wathi, "Gcina imiYalelo." Wabuyela emuva ngqo enkolweni yayo, ukubona ukuthi yayizothini ngenkolo yayo. Wathi manje, ngamany'amazwi, "Gcina inkolo yakho."

39 Wathi, "Ngikwenzile lokhu, kusukela ngisengumfana," abafana abancane njengani. "Umama wami nobaba, nompristi wami, bangifundisa inkolo. Kodwa ngiyazi, enkolweni yami, ukuthi ngisalokhu ngingenakho ukuPhila okuPhakade." Niyabo?

40 Ungaba muhle. Ungebi. Ungabhemi. Ungaqambi amanga. Ungaqambi amanga kubaba nomama. Ungawakhulumi lawomanga okuqala, ngoba, omunye ukhuluma awodwa, bese kubalula ukukhuluma amanye, niyabo. Kodwa nifanele ningakwenzi lokho. Ningawakhulumi awokuqala.

41 Benazi yini ukuthi umzimba wenu awenzelwanga ukuthi uqambe amanga na? Niyazi, banomshini manje, use—

usemizweni yenu. Bangafaka ibhande elincane lithandelwe esihlakaleni sakho *lapha,* bese bethandela elilodwa ekhanda lakho, manje-ke ungasho lapha, ake sithi uthi, "A—nga—ngaqamba amanga ngalokho, kodwa ngingakusho kalula kabi ukuthi ba—bayokholwa ukuthi ngikusho ngeqiniso." Futhi ungathi . . .

42 Bebengathi, "Ngabe kwakunguwe endaweni ethize, njengokuthi wahlala kuleyokharaveni kaMfowethu Shantz, ngenkathi uMfowethu Branham eshumayela, ngeSonto ntambama nga lolu usuku na?"

Futhi ubungathi, "Qhabo, mnumzane. Angihlalanga lapho. Qhabo, mnumzane."

43 Niyazi ukuthi lowomshini wokuhlola amanga uzothini na? "Yebo, mnumzane, wakwenza. Yebo, mnumzane, wakwenza."

Wena uthi, "Angizange."

Wona uzothi, "Yebo wakwenza."

44 Ngani na? Ngoba amanga ayinto embi kabi. Umzimba awenzelwanga ukuqamba amanga. Futhi ayinto embi kabi, aze agulise wonke umgudu wemizwa, uma uqamba amanga. Wewu! Ukugulisa kanjalo, akunika izilonda, isimilela esikhuntile, ayokubulala. Futhi manje-ke amanga ayinto embi, ngoba, niyabo, anifanele ukuqamba amanga, ukweba, ukwenza noma yikuphi kwalezizinto.

45 Manje, ngakho lensizwa mhlawumbe yayikade i . . . yayingawaqambanga amanga, ayizange yebe, futhi yayinonembeza ukuthi yayikudinga njalo ukuPhila okuPhakade. Ngakho yathi, "Ngingenzenjani ukuze ngibe naKho na?"

46 NoJesu uyakhombisa lapha manje ukuthi inkolo ingeke ikwenze. Ngakho Wathumela kuyo ngqo, wayesethi, "Gcina imiYalelo."

47 Yayisithi, "Mfundisi, ngikwenzile lokhu kusukela ngisengumfanyana, noma ngisemncane, ngenkathi ngiseyisikhundlwanyana somfana. Ngikwenzile lokhu." Kodwa yayazi ukuthi yayingenakho ukuPhila okuPhakade. Ngakho Wathi-ke, "Uma uzongena ekuPhileni, ukuPhila okuPhakade, ufuna ukuphelela, hamba-ke uthengise nga . . . "

48 Niyabo, manje, kulungile ukuba nemali. Niyabo, kulungile ukuba nemali, ucebe. Futhi ube umbusi, kulungile lokho. Kodwa yi—yindlela oziphatha ngayo emva kokuba usube yilokho, niyabo.

49 Wathi, "Hamba uthengise ngalokho onakho, bese ukupha abampofu, labobantu ongenalutho; bese uza, uNgilandele, futhi uzoba namagugu eZulwini." Kodwa insizwa yayinemali eningi kakhulu yaze ayangabe isazi ukuthi izokwenzani ngayo. Manje, niyabo, yayithandwa kakhulu ngabantu, leyonsizwa yayinjalo.

50 Futhi ya—ya—yayikuhlomele ngempela ukuphila, indlela uyise nonina, nabapristi nabobonke, ababeyihlomise ngakho, kodwa noma kunjalo yayazi ukuthi yayisilalelwe yinto ethize. Manje ngikhuluma kwabadala. Yona, yayazi ukuthi yayisilalelwe yinto ethize, lapha. Yayingenakho ukuPhila okuPhakade. Yayikwazi. Niyabo?

51 Inkolo ngeke ikuveze ukuPhila okuPhakade. Izimo, amadlingozi, uzwa okuthize; u—ungaba nokwesaba, futhi uzwe okuthize. Niyabo? Ukukhala, lokho kuhle; ukumemeza, lokho kuhle; kodwa lokho kusalokhu kungesiKho, niyabo. Unqwamene nokuPhila okuPhakade.

52 Wena uthi, "Awu, kade ngiyiBaptisti yokuqina nje, iMethodisti, noma iPresbyterian, noma iPentecostal." Lokho kusalokhu kungesiwo umbuzo.

53 Lensizwa yayinjalo, nayo, yayifundiswe enkolweni yosuku, kodwa yayisalokhu ingenakho ukuPhila okuPhakade, ngakho yayifuna ukwazi ukuthi yenzenjani. Yayikade iholelwe ngempumelelo, kuloKhu. Kodwa ngenkathi inqwamana naKho, yala ukuholelwa ekuPhileni okuPhakade, noma ukuba iholwe. Abanye abaholi bayo babekade benokubambelela kakhulu kuyo yaze ayangabe isafuna ukukudedela. Niyabo?

54 Manje, leyo yinto efana nalokhu uMfowethu Branham akushoyo. Okunye okwakho kuthe ukujula kakhudlwana kini, niyabo.

55 Imfundo inhle, nifanele niye esikoleni futhi nifunde. Niyabo, lokho kuhle, kodwa lokho ngeke kunisindise. Ukuba nenqwaba yemali, lokho kuhle, ungakhulisa abantwana bakho, ubanike izingubo ezinhle nezinto. Futhi njengobaba nomama enisebenzele nonke, nezinto. Lokho kuhle, kodwa lokho noma kunjalo ngeke kunisindise. Niyabo? Noma, ubungangena elaboratri indlu yokucwaningela futhi ufunde ukuthi zihlanganiswa kanjani izinto ndawonye, noma uhlukanise ama-atomu, kumbe noma benzani, futhi—futhi bangene ku—kumkhumbimkhathi futhi—futhi baye enyangeni, kodwa lokho ngeke kunisindise.

56 Ufanele ubhekane nento eyodwa, ukuPhila okuPhakade, futhi munye kuphela uMuntu Onganinika Lokho. Umama ngeke aninika Khona. Ubaba ngeke aninika Khona. Umelusi wenu ngeke aninika Khona. Umholi wenu lapha ngeke aninika Khona. Wonke umuntu othola ukuPhila okuPhakade ufanele eze kuJesu Kristu. NguYe kuphela Onganikeza Leyongxenye.

57 Uthisha wenu anganinika imfundo, anganifundisa; nifanele niyifunde. Umama wenu—wenu anganifundisa ukuhamba; nifanele nifunde ukuhamba. Ubaba wenu anganifundisa ukuthi ungaba kanjani ngusomabhizinisi, noma ini; nifanele nikufunde lokho. Kodwa nguJesu kuphela onganinika ukuPhila okuPhakade. Niyabo?

58 Umpristi wenu, umholi wenu, noma kanjalonjalo, anganifundisa inkolo yenu, ningawufunda uMlayezo esizama ukuwufundisa, kodwa noma kunjalo lokho ngeke kuninike ukuPhila okuPhakade. Nifanele nemukele uMuntu, uJesu Kristu. Niyakuqonda lokho, nonke na? Kufanele nemukele uMuntu, uJesu Kristu, ukuba nibe nokuPhila okuPhakade. Manje, kodwa ngezinye izikhathi obunye ubuholi buthola okuningi kakhulu ukuthonya kithi size singabe sisazi ukuthi sizokwenzenjani ngaleyonkathi uma leso—lesosikhathi sesifika.

59 Manje, kuyinto ebulalayo ngempela ukwenqaba ubuholi obuyisa ekuPhileni okuPhakade, ngoba, niyabo, lokho ngukuPhila okungeke neze kwaphela. Manje, imfundo, lokho kuhle, lokho kuzosisiza lapha. Ibhizinisi, lokho kuhle. Imali, lokho kuhle. Ube ngumfana omuhle nentombazane, lokho kuhle. Kodwa, niyabo, uma ukuphila sekuphelile lapha, yilokho kuphela. Niyaqonda na? Nina badala niyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, yilokho kuphela. Kodwa manje-ke sifanele semukele uJesu Kristu, ngokuPhila okuPhakade. UJesu yedwa anganiholela kuLokho.

60 Futhi nakuba, niyabo, lensizwa yayizuze ngempumelelo zonke lezizinto esikoleni, nangabazali bayo nakho konke, ya—yalahlekelwa yinto enkulu kunazo zonke eyayingaba nayo, ubuholi bukaMoya oNgcwele, ngokuba uJesu wathi, "Uze, uNgilandele."

61 Nani mantombazane osanda kuphuma nje esikoleni, wethweswa iziqu mhlawumbe, amanye enu, masinya nje, nani bafana abasebancane; ubuholi obukhulu ukwedlula bonke obukhona nguJesu Kristu, ngokuba lobo ngubuHoli bokuya ekuPhileni okuPhakade. Manje, lobubuHoli bunqwamana naso sonke isidalwa esingumuntu, banikwa ithuba lokukhetha.

62 Futhi yileyonto eyodwa enkulu esinayo empilweni, ngukukhetha. Ngolunye usuku...Niyazi, ubaba nomama, bakhetha ukuba nomfanyana nentombazane, njengoba ni—ninjalo nonke.

63 Manje-ke, ni—ninelungelo, emva kwesikhashana, ukukhetha ukuthi niyathanda yini ukufunda kuthisha, noma qha. Uthisha anganifundisa, kodwa nje ungaba ngu—ngumfana omubi omncane, ungeke nje ufunde; encane, intombazane embi, ngeke ulalele nhlobo. Niyabo, u—unokukhetha ukuba wenze lokho, nokho umncane.

Nomama uthi, "Ubatholile oA ekhadini lakho leripoti na?"

"Qhabo, ngithole phansi kabi." Niyabo, manje ninga . . .

64 Umama uthi, "Manje nifanele nifundisise." Futhi nizofanele nikwenze lokho-ke, niqhubeke nitadisha njengoba umama anitshela, njengoba ubaba anitshela. Niyabo, nifanele nitadishe.

65 Kodwa ningaba nokukuzikhethela, ningakwenza noma ningakwenzi. Ningathi, "Angifuni." Niyabo, ninokuzikhethela.

66 Emva kwesikhashana, uyoba nokuzikhethela ukuthi yiyiphi intombazane ozoshada nayo, ukuthi yimuphi umfana ozoshada naye.

67 Unokuzikhethela noma yikuphi empilweni. Bese kuthi-ke unokuzikhethela, futhi, ukuthi uyafuna yini ukuphila emva kwalokhu ukuphila; noma ube nje ngomuhle, umuntu othandwa ngabantu, ingcweti yamabhayisikobho, noma umdansi, noma enye into ethize.

68 Futhi bukani lamantombazane amancane lapha nalelophimbo elihle, esikhashaneni esedlule, icula. Lowomntwana wadingeka ukuba azejwayeze lelophimbo futhi wayengaba ngumculi we opera, noma umculi othize. Ngiyawezwa lamaphimbo abafana abancane, lababafana, beningafana noElvis Presley, nidayisa ngobuzibulo benu. Niyabo, anikufuni lokho. Niyabo, kuyithalente uNkulunkulu anipha lona, futhi nifanele nikhethe, niyabo, lapho enizosebenzisa khona lelothalente, nenzele uNkulunkulu, kumbe noma nizolisebenzisela uDeveli. Niyabo?

69 UMfowethu Leo lapha, umfowenu, niyabo, manje wayenethalente, ukuba eze futhi ahole abantu. Manje uzokwenzani ngalo na? Ngabe uzongena ebhizinisini bese ezenza abe usozigidi; noma ufanele aphumele lapha futhi enze ikhaya lapho abantu ofuna ukuhlangana ndawonye futhi athole nonke nina bantwana abancane na? Niyabo, nifanele nikhethe ukuthi nizokwenzani.

70 Yilowo nalowo wethu ufanele enze ukuzikhethela. Futhi kunqwamana nathi. Kodwa sonke sinqwamana nento eyodwa: "Sizokwenzenjani ngokuPhila okuPhakade na? Sizophila emva kwalokhu, noma qha na?" Manje-ke sifanele size kuJesu, ukuba sithole Lokho. Ithuba lokukhetha, yileyonto eyodwa uNkulunkulu asinika yona. Akaphoqi-nto ethize kithi. Uvele nje asidedele senze ukuzikhethela kwethu. Ngakho anidingekile ukuthi niphoqwe, kodwa nizenzela ukukhetha kwenu uqobo.

71 Manje asilandele lokhu nje, abadala nabo bonke manje, imizuzu embalwa, nabantwana, bonke kanyekanye. Asilandele lensizwa, nokukhetha eyakwenzayo, futhi sibone ukuthi kwayiholelaphi.

72 Manje, lamantombazane nalelo amaphimbo amahle, lababafana abancane. Manje mhlawumbe niyenyuka futhi kuyoba yini eniba nephimbo lokucula. Manje thathani leyonto eyodwa nje, ungahle, he, ningahle ngoluny'usuku niyithathe, "ngi . . ."

73 Niyamazi lomfana obizwa ngoElvis Presley na? Niwezwile amateyipu ami. Nizwile ukuthi angimehlisi kanjani isithunzi umfana, kodwa lowomfana waba nalo ithuba eninalo nonke.

Niyabo, futhi lokho aku . . . Wathola ukuthi wayekwazi ukucula. Futhi bhekisisani ukuthi wenzani, into efanayo nje neyenziwa nguJuda, uJuda Iskariyothe, wathengisa ngoJesu. UJesu wapha lowomfana lelophimbo elihle. Futhi wenzani na? Uyajika ulithengisela uDeveli. Niyabo, uzofika ekupheleni komgwaqo. Niyabo? Wala ukuhamba noJesu.

74 Manje lomfo osemncane lapha, lombusi osemncane oyisicebi, wenza into efanayo. Ake silandele sibone ukuthi wenzeni. Akungabazeki, ngokuba yindoda edumile ayeyiyo, mhlawumbe insizwa ebukekayo, izinwele ezimnyama ezikanywe zabhekiswa phansi nganhlanye, izingubo ezinhle. Izintombi zacabanga, "Mfana, leyo yinsizwa ebukekayo!" O, zazingacabanga. Mhlawumbe yayizivayizela, futhi zibuye ziqomisane nayo, nezinto.

75 Futhi yacabanga ukuthi yayingumfo omkhulu, umuntu, niyabo, ngoba yayibukeka, yayiseyintsha. Yayingabuki ezansi lapho ekupheleni komgwaqo. Yayibuka lapha nje. "Ngisemusha. Ngiyabukeka. Ngicebile. Ngingathenga noma yini engifuna ukuyithenga. Ngingawathatha lamantombazane, futhi, mfana, onke ayangithanda. Futhi ayazi ngiyindoda enkulu." Futhi, niyabo, yayinakho konke lokho. Yayilandele iziyalo zikayise, nakho konke. "Futhi ngikholwa impela. Ngiyaya esontweni." Futhi manje yayikwazi ukulandela lokho, niyabo; ithandwa ngabantu kakhulu, icebile, futhi inodumo. Futhi, futhi i . . .

76 Njenganamhlanje nje, njengoba waba nethuba lokuba yingcweti yamabhayisikobho, niyabo, noma yinto efana naleyo. Iningi lezinganyana namhlanje, ukhuluma nazo, zazi kakhulu ngalezizingcweti zamabhayisikobho kunoma zazi ngoJesu. Niyabo? Futhi, niyabo, nina—nina bantwana nifunda ngoJesu. Lapho zihlala khona phansi, futhi bese kuvela umdlalo othize ebhayisikobho, noma enye into ethize, ziyabazi abadlali nabobonke lapho, konke ngayo. Zikwazi konke lokho ukwedlula *Lokho*. Uzitshela ngeBhayibheli, azazi lutho ngeBhayibheli. Niyabo, kungukwenza ukukhetha okungafanele. Manje, omunye umculi bethengisa ngethalente labo abaliphiwe nguNkulunkulu, benzela udumo!

77 Manje-ke siyibona ekupheleni kokuphila. Ake siyilandele sithi ukuqhubeka kancane. Niyazi ukuthi iBhayibheli lithini ngalomfo osemncane? Uphumelela kakhulu. Ngakho, ngezinye izikhathi impumelelo ayisho ukuthi wenze ukukhetha okufanele. Niyazi ukuthi wenzani na? Waphuma futhi wayenazo zonke izikhathi ezinkulu, futhi waphosa amaphathi amakhulu, futhi wachitha izinqwaba zemali nakho konke, emantombazaneni nakho konke. Wase eyashadelwa-ke futhi mhlawumbe wayenomndeni. Futhi—futhi wa—wavele wandisa kakhulu nje waze wadingeka ukuthi akhe izinqolobane ezintsha nezinto. Futhi wathi, "Niyabo, angimlandelanga uJesu, futhi ake nibheke ukuthi nginani!" Niyabo?

78 Ungabezwa abantu besho lokho, futhi ngibezwile, "Awu, buka, Ungibusisile." Lokho akusho khona nhlobo. Niyabo?

79 Futhi emva kwesikhashana izinqolobane zayo zaqumba yaze yasho ngisho nokuthi, ngani, ngisho, "Mphefumulo, phumula. Nginemali eningi kakhulu nempumelelo eningi kakhulu! Futhi ngiyindoda enkulu impela! Ngikhona kuwo onke amaklabhu. Futhi nginemicebo yezwe ezandleni zami. Nginezwe elithi mina elikhulu lonke lihlangene nemali ethize, futhi, ngani, he, lapho wonke umuntu uyangithanda, ngokuba ngumuntu omuhle impela."

80 Kodwa niyazi, iBhayibheli lasho ukuthi, ngalobobusuku, uNkulunkulu wathi kuye, "Ngizobiza umphefumulo wakho."

81 Manje-ke kwenzekani na? Manje kwakukhona isinxibi, umKristu omdala ompofu owayelala phandle lapho ngasesangweni lakhe. Futhi kwakuthi nje lapho be . . .

82 Phezulu eJerusalema, laphaya, ba—badlela phezulu phezu kwendlu. Nezimvuthuluka zezinkwa ziwa *kanje*, namaqatha enyama, kanjalonjalo, kwehlele phansi uma bekuqathaza. Futhi abakucoshi, ngoba yonke into eJerusalema, idolobha elidala, ku—ku . . .

83 Kulungile ukusho ihlaya elincane lapha na? Bango f-o-b. Niyazi ukuthi kuyini lokho na? Izimpukane esinkweni, izimpukane enyameni, izimpukane ebhoteleni, f-o-b, izimpukane kuyo yonke into. Ziphumela emgwaqeni, emiseleni nakho konke, bese zindizela phakathi futhi zithi chwa phezu kwakho.

84 Ngakho lababantu phezulu lapho, benyukela phezu kwe—kwesakhiwo. Bese beyadla, bese-ke beqathaza *lokhu,* bese-ke beyakushanela lokho bakususe. Bese kuthi izinja, emigwaqeni, idla izimvuthuluka. Bese eyekela lomKristu omdala ompofu alale lapho emgwaqeni, bese edla izimvuthuluka nje eziqathake epuletini layo embhedeni wayo, noma etafuleni layo.

85 Bese kuthi-ke lapho engena, emva kwesikhashana, wayenezilonda, futhi wayengenalutho angalubeka ezilondeni zakhe. Igama lakhe kwakunguLazaru. Nezinja ziyafika zase zikhotha izilonda zakhe ukuze azame ukuba athole ukuba ngcono.

86 Awu, niyazi, emva kwesikhashana, lesisicebi, lapho, wabona ukuthi sasinemali yokuthenga zonke izinhlobo zemithi, uma sigula, sasinazo zonke izinhlobo zodokotela. Kodwa, niyazi, ngezinye izikhathi odokotela ngeke basisiza, umuthi ungeke usisize, akukho okungasisiza; sisemseni kaNkulunkulu. Futhi sehlela ekupheleni komgwaqo waso; odokotela abasisizanga, nonesi abasisizanga, nomuthi awusisizanga, sase sifa. Kwase kuthi-ke lapho umphefumulo waso usushiye umzimba waso, niyabo, washiya yonke imali yaso, yonke imfundo yaso, yonke into esasinayo, konke ukuthandwa kwaso ngabantu. Basinika

umngcwabo omkhulu kazi, mhlampe behlisa iflege uhhafu, ne—nemeya yedolobha iyafika, futhi bona, nomshumayeli uyafika waye—wayesethi empilweni. "Umfowethu manje useye eNkazimulweni," nakho konke kanjalo.

87 Kodwa iBhayibheli lasho, ukuthi, "Saphakamisa amehlo aso sesisehayidese, sisebuhlungwini, futhi sabuka le ngaphesheya komhosha lapho, futhi sasibona lesosinxibi esasikade silele lapho emnyango waso, ngapheshey a eZulwini. Futhi samemeza, 'Thumela uLazaru phansi lapha namanzi amancane. Lamalangabi ayahlupha.' Wathi, 'O, qhabo. Niyabo, sathatha okungafanele empilweni.'"

88 Niyabo, sesifika ekupheleni komgwaqo, ukuba siphume ekuphileni! Sasikade siholwe yinkolo. Sasikade siholwe yimfundo. Sasikade siholwe ngukuthonywa kwempumelelo yaso—yaso. Kodwa, niyabo, sasingenalutho lokubamba isandla saso, lezozinto ziphelela lapho. Uyaqonda, mfo omncane na? Nina badala niyaqonda. Engi. . .Niyabo, sasingenalutho lokusibamba. Imali yaso ayikwazanga ukusibamba. Abangane baso nodokotela abakwazanga ukusibamba. Umuthi awukwazanga ukusibamba. Umpristi waso, inkolo yaso, ayikwazanga ukusibamba. Ngakho, kwakukhona into eyodwa kuphela kuso ukuba siyenze. Sasa—sasale ukwemukela uJesu, ukuPhila okuPhakade. Ngakho sadingeka ukuthi senzenjani na? Sacwila phansi ekufeni, esihogweni. Iphutha eliwukufa okunje pho leyo nsizwa eyaba nalo lapho yala ukuhamba noJesu, iholwe nguJesu. Yala ukukwenza.

89 Abantu abasha abaningi kakhulu benza lelophutha, namhlanje, bala ukuholwa yi—yiNkosi uJesu. Manje siyabona ukuthi kuyinto ebulala kanjani ukwala ukuPhila okuPhakade nokuthi uholwe nguJesu, uBuholi, ngenkathi Ethi, "Uze, uNgilandele."

90 Niyabona ukuthi lendoda encane ebukekayo itheni kulentambama na? Uma uphuma esikoleni, uma usuka kuso, udinga omunye umholi, kodwa lowo makube nguJesu. NoJesu yiBhayibheli. Niyakukholwa lokho na? Lokhu ngukuPhila kukaJesu nemiYalelo yaKhe kithi, esimweni sencwadi. Ngakho sifanele sibuke kuLokhu, ukuba sibone. Lena yipulani yokuzokwakhiwa. Lena yimephu Asitshela ukuba siyilandele, uku—ukuqala ukuPhila okuPhakade.

Manje sithola ukuthi lensizwa yalahlwa.

91 Manje ake sithathe enye. Ngingathanda, ningaba naso isikhathi sokuthatha omunye umbusi osemncane ocebile, owenza ukuhamba okuhle na? Ningathanda ukuzwa lokho na? Kulungile, sizokuzama manje. Manje ake sithathe omunye umbusi osemncane ocebile owanqwamana nento efanayo. Manje siyabona lapho lomfana aya khona, owayephila impilo enhle kakhudlwana, kodwa wafa futhi walahlwa esihogweni. Futhi

manje lapha sizokhuluma ngenye insizwa eyanqwamana nento efanayo. Yayiyisicebi, insizwa, futhi yayingumbusi, futhi, kodwa yemukela ubuholi bukaKristu; njengoba umfanyana esitshelile esikhashaneni esedlule, ukuthi sifanele sidedele yena asihole. Yabemukela.

92 UmBhalo walokhu utholakala, uma nifuna ukukubheka emva kokuba sengiqedile, niyabo, ukumaHeberu, isahluko 11, nevesi 23 kuya kwelama 29. Ake ngiWufunde. Kulungile na? Nizongibekezelela isikhashanyana nje, ningeke na? Akunikhathazi uma ngingakwenzi, kuzonikhathaza na? Niyabo? Ngakho nje . . . Sizovele nje sikufunde lokhu, bese uthi-ke, "Ngamuzwa uMfowethu Branham ekufunda lokhu eBhayibhelini." Niyabo? Futhi uyazi-ke ukuthi kulapho. Bekungesikho okushiwo yimi, kuyilokho Akushoyo. Manje nina lalelani lapha, ngokuthi iBhayibheli lathini lapha ngalomfo omuhle, niyabo. Manje bukani.

> *Ngokukholwa uMose, esezelwe, wafihlwa ngabazali bakhe izinyanga ezintathu, ngokuba bembona engumntwana omuhle; abawesabanga umyalo wenkosi.*
>
> *Ngokukholwa uMose, esekhulile, wala ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro;* (lalelani)
>
> *Kunalokho wakhetha ukuphathwa kabi kanye nabantu bakaNkulunkulu, kunokuba* avume *athokoze isikhashana esonweni;*
>
> *Ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu . . .*

93 Le emuva ngesikhathi sikaMose, kwakusenguye uKristu. Niyabo? NguYe Yedwa kuphela onokuPhila okuPhakade. Niyabo?

94 "Ethi ukuthukwa," ukuba abizwe ngohlanya, umgingqiki ongcwele, noma yinto efana naleyo, niyazi. Niyabo?

> *Ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunengcebo yaseGibhithe: ngokuba wayebheke umvuzo.*

95 Manje niyazi ukuthi lokho kusho ukuthini na? Kusho lokhu, ukuthi, uMose wazalwa engumfana ompofu, empofu ngempela. Igama likayise lalinguAmramu. Igama likanina lalinguJokebedi. Futhi babempofu ngempela, kodwa babengamaKristu. Babesebenza kanzima. Babesebugqilini. Babenza izitini zodaka, nezinto, benzela inkosi endala. Niyazi ukuthini? Leyondodakazi yenkosi yehla, ngoluny'usuku, yaya emfuleni lapho umama . . .

96 Unina kaMose, uJokebedi, wayemthathile wase emfaka esihlengeni samapulangwe esincane ngaphandle emfuleni kanjalo. Nezingwenya ezindala zazizidle nya zonke izingane ezincane; futhi babezibulala, beziphosa emfuleni. Kodwa wamkhiphela khona lapho. Futhi niyazi ukuthi wazixosha kanjani lezozingwenya kuye na? Wenza lelibhokisi-mkhumbi elincane wamfaka kulo, walenza ngekolitayi. Niyazi ukuthi

lokho kuyini na? Yithaphentayini umuthi okhanywa ezihlahleni. Uhlobo lwengwenya ialigeyitha ikhuphuke, ithi, "Mm, umHeberu okhuluphele omncane, ngizomthola!" Imuzwa ekhala kanjalo. Yaya lapho, "Wewu! Iphunga elinje! Hm!" Niyabo? Niyabo, umama waholwa, ukuthi ayivikele kanjani ingane yakhe. Ngakho yahlehla kuyo, yayingafuni-kuzihlanganisa ngalutho nalokho.

97 Wase-ke ehla ngomfula, ngaphambidlana. Nodadewabo omncane, othiwa nguMiriyamu, wamlandela ehla ezansi nomfula, ebhekisisa ukuthi yini . . .

98 Kwase kuthi-ke indodakazi kaFaro yaphuma futhi yayizomthola, niyazi, futhi yamdonsela ngaphandle. Niyazi, konke . . . Niyazi, umama wakho ucabanga ukuthi ungumntwana omuhle kunabo bonke ezweni; niyabo, ufanele akwenze lokho. Kodwa iBhayibheli lathi lomfanyana wayemuhle ngempela, ngempela engumfanyana onobuqotho. Futhi, o, wayeklabalasa nje futhi ekhahlela ngezithenjana zakhe. Wayelahlekelwe ngumama wakhe, niyabo. Futhi ngakho niyazi ukuthi kwenzekani na? Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wafaka endodakazini kaFaro, indodakazi yenkosi, lonke uthando umama ayengabe unalo lwengane encane. Inhliziyo yayo yavele yamthanda nje. Yathi, "Leyo yingane yami."

99 Kodwa, niyazi, yayiyintombi. Niyabo, ngalezozinsuku babengenawo lamabhodlela nina, izingane, eyakhuliswa ngawo, ngakho babedinga ukuba bahambe balande umama owayekade enengane, futhi abe nalokho ukuze ancelise.

100 Ngakho uMiriyamu wayekhona lapho ngalesosikhathi, wathi, "Ngizohamba ngikulandele umama ofanele."

"Awu, hamba umlande."

101 Niyazi ukuthi uMiriyamu wahamba walanda bani na? Umama kaMose uqobo. Kunjalo. Yebo, wahamba wamlanda. Lokho kwakungukuhlakanipha, kwakungesikho na? Futhi ngakho wahamba walanda umama kaMose uqobo. Wayesethi, "Ngizoyithatha ngikukhulisele yena umfanyana."

102 Yathi, "Uyazi ukuthini, ngizokunika amakhulu amathathu amadola, ngeviki, ngokukhulisa lowomntwana. Futhi ungahlala esigodlweni." Niyabona ukuthi uNkulunkulu wenzani uma uMethemba, niyabo, uma uqinisekile ngokukholwa. Leyongane yayingumprofethi, niyabo, futhi wayazi.

103 Ngakho baya esigodlweni futhi—futhi wamkhulisa uMose, nomama, umama uqobo, futhi wayethola amakhulu amathathu amadola ngeviki, ukunakekela yonke into. Cabangani ngalokho nje!

104 Bese kuthi-ke, niyazi, emva kwesikhashana, emva kokuba lokhu kuqhubeke isikhashana, uMose uqala ukuba mdala ngokwenele ukuba afunde futhi abhale. Wamfundisa ukuthi

afunde futhi abhale kanjani. Wayeseyamtshela-ke, wathi, "Mose, uzalwe ungumntwana ofanele. Uyihlo nami sikhulekile. UNkulunkulu usembulele ukuthi wena ungumprofethi, futhi uzoba ngumkhululi wabantu, ezinsukwini oluzayo."

105 Futhi niyazi, lapho esemkhulu, kunalokho ayeyikho? Wathathwa waba ngumntwana emndenini wenkosi. O, he! Wayengadinge ku . . .

106 Futhi walunguza abantu bakubo uqobo, futhi babengenazingubo. BabengamaKristu, futhi babekhala. Nabacindezeli bebabhaxabula ngeziswebhu, negazi liphuma lindiza emhlane wabo. Omzala bakhe—bakhe nomalume, ubaba nomama, bonke; bebabhaxabula ngeziswebhu, phandle lapho kulolodaka nemigodi. Futhi ngakho, kodwa uMose, kuyinto ethize le phansi enhliziyweni yakhe, wayazi ukuthi babengabanu abathenjiswa nguNkulunkulu. Wayekwazi.

107 Manje, into elandelayo ayezoyenza kwakunguba abe yinkosi. Wayezoba yinkosi phezu kwayo yonke into, isicebi, he, yonke imali yaseGibhithe. NeGibhithe yayilawula izwe, ngalesosikhathi. Kodwa, bukani, iBhayibheli lathi, "wathi ukuthukwa," ukuba ngumphahleki wodaka nje ngaphandle lapho, umKristu. Ngenkathi behlekisa ngabo, futhi bebahleka, bebakhahlele. Uma bephindisela ngokusho noma yini, babebabulala. Niyabo? Kodwa uMose wakhetha ukuhamba naleloqembu esikhundleni sokuba abizwe ngendodana yenkosi.

108 Ake nibheke lokho! Niyabo, ngoba usibonile isikhathi sokugcina! Niyayibona leyonsizwa ecebile na? Kodwa yayimbonile uJesu, njengoba siMbona embonweni, ukuthi isikhathi sokugcina yisona esizokhokha. Manje, futhi wemukela ubuholi bukaKristu, noMose wathi ukuthukwa kuyingcebo enkulu.

109 Niyazi, ngesinye isikhathi uma nina bafanyana esikoleni, abafanyana bayosho amagama amabi futhi bafuna nonke niwasho. Nina mantombazanyana, amantombazanyana ayosho izinto ezimbi futhi afuna nonke ukuba nizisho. Wena uthi, "Qhabo. NgingumKristu."

110 Bathi, "A, wena s'tabane esikhulu!" Niyazi, bahambe phezu kwakho kanjalo.

111 Niyabo, sukuma, uthi, "Ngiyajabula ukuba yilokho." Niyabo? Isizathu, niyabo, yilokho uMose akwenzayo. Wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunayo yonke eyeGibhithe. Manje asimlandele, waholwa nguKristu, futhi sibone ukuthi wenzani.

112 Manje, niyabo, lensizwa yayicebile, insizwa yokuqala, kodwa yayingamfuni uKristu. Yayingafuni ukuba ngumlandeli kaJesu. Futhi ngakho siyithola ithandwa ngabantu kakhulu, mhlampe iba yingcweti yezamabhayisikobho, nayo yonke into enkulu, kuzo zonke i—izinto eyayikwazi ukuzenza, nakho konke

eyayikufuna. Kodwa lapho isifa, yayingenamuntu wokuyihola. Ngakho, imfundo yayo, lokho kwakukuhle; imali yayo, lokho kwakukuhle; kodwa lapho kufika ukufa, kwaba yilokho kuphela, ayibange isakusebenzisa. Ayikwazanga ukuthenga indlela yayo enyukela eZulwini. Futhi ayikwazanga, ngemfundo yayo, ayikwazanga ukuya eZulwini. Niyabo?

113 Kodwa lensizwa manje, yayinazo zonke lezizinto. Yayinemfundo, futhi, niyabo, ikhaliphile. Yaya esikoleni, nonina wayifundisa, futhi—futhi yayinemfundo enhle. Futhi yayikhaliphe ngempela, kwaze kwathi, yayikwazi ngisho ukufundisa abaseGibhithe. Yafundisa uthisha wayo, yayikhaliphe kakhulu. Bukani ukuthi yayikhaliphe kanjani. Kodwa, niyazi ukuthini, ngaphezu kwakho konke lokho kukhalipha, ngaphezu kwakho konke lokho eyayinakho, okunamandla okwenzeka ayenakho, noma kunjalo yathi, "Ngiyokushiya konke, ukuba ngilandele uJesu." Niyazi ukuthi benzani ngayo na? Bayixosha. Iba yi—yisigqila sodaka njengabo bonke abanye.

114 Kodwa ngoluny'usuku lapho isiyindoda esikhulile, yayeluse izimvu ngemuva kogwadule. Futhi kwenzekani na? Ukhona ongangitshela ukuthi kwenzekani na? Kwakuyini na? [Umntwana uthi, "Kwakukhona uMlilo esihlahleni."—Umhl.] Kunjalo, kwakukhona uMlilo esihlahleni, futhi Wayiheha yanaka. Yabuyela eceleni. Futhi niyazi ukuthini?

115 Esikhundleni sokufundisa abantwana, manje abantwana bazosukuma bafundise mina. [UMfowethu Branham uyahleka—Umhl.] Ngakho, nalomfana omncane lapha, ushaya khona—ushaya khona ngqo. Ubani ubaba wakho? [Umntwana uthi, "uMnu. Shantz."] UMnu. Shantz ngubaba wakho. Lowomfana ufundisiwe, akazange na? Ngamunye walawomehlo akhanyayo abukeka ngendlela efanayo, omunye ukuba edlule omunye, niyabo.

116 Ngakho manje bukani, yakwenza, naleso—naleso—lesosihlahla sayiheha, sivutha, yayisithi, "Ngizophambuka ngibone ukuthi yini."

117 UNkulunkulu wayesethi kuMose, "Khumula izicathulo zakho, umhlabathi omi kuwo ungcwele. Ngikukhethele ukuba wehle ufike ukhulule abantu baMi. Ngikunika amandla; ungashaya umhlaba ngezinhlupheko, ungaphendula amanzi abe yigazi, ungaletha amazeze nezintwala. Akukho lutho oluzokulimaza. Ngakukhetha," Ngani na? Ngoba wakhetha uKristu. Niyabo? Nakhetha uKristu futhi Ukhetha nina. Niyabo? Manje Wathi, "WaNgikhetha, futhi nami Ngikukhethile ukuba wehlele lapho eGibhithe."

118 Futhi bukani ukuthi wenzeni. Wahola abantu abayizigidi ezimbili, kwaphuma abantu abayizigidi ezimbili, abantu bakubo, futhi wabaletha ezweni lesithembiso. Futhi, manje,

walandela. Simlandela konke edabula ehlane; nani bantwana umzwile uMfowethu Leo noMfowethu Gene, nobaba wenu nomama, enitshela ukuthi konke kwenzekeni ehlane, ukuthi wasehlisa kanjani isinkwa sivela ezulwini futhi wapha abantu abalambile, nazo zonke lezizinto.

119 Futhi manje siyathola, useyikhehla manje, useguge ngempela, useneminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala. Futhi usehlane.

120 Nabantu abamphathanga kahle, ngisho. Niyabo, ngezinye izikhathi abantu abazibiza ngamaKristu abaniphathi kahle. Kodwa uJesu njalo uniphatha kahle. Niyabo? Niyabo? Ngakho siyathola manje ukuthi abantu bamhlubuka, kodwa wahlala nabo ngqo, noma kunjalo. Futhi wayengumholi, futhi wayedingeka ukuthi ahlale nabo. NeziNgelosi zeNkosi zakhuluma kuye. Beningethande ukuba lokho kwenzeke kini na? Ngakho-ke yenzani ukukhetha okufanele, futhi khethani uJesu, futhi Uzokwenza.

121 Manje, manje-ke siyathola, ukuphela komgwaqo, waguga kakhulu. Wayengasashumayeli, nephimbo lakhe lase lehlile. Ngakho wabusisa uJoshuwa, wayesenyukela esiqongweni segquma, ukuba afe.

122 Niyazi ukuthi kwenzekani ngenkathi efa na? Lapho, ini, kwenzekani na? [Umfana uthi, "Wafa, wase-ke Emvusa kwabafileyo."—Umhl.] Kunjalo impela. Kunjalo impela.

Manje wena uthi, "Kukuphi lokho na?"

123 Manje, umzuzu nje, umfana uqinisile, niyabo. Wavuswa kwabafileyo. Manje, futhi . . . ? . . . Niyabo? Niyabo? Manje bukani. Wamvusa kwabafileyo. Ngani na? Ngoba, eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, lapha wayengaleya ePalastina, esami naye uMholi wakhe, uJesu, ethi ukuthukwa ngenxa yeGama laKhe kuyingcebo enkulu kunayo yonke imfuyo yaseGibhithe. Ethi . . . UMholi wakhe wayemi lapho. Niyazi, Wayebizwa . . .

124 E—eBhayibhelini, niyazi, kwakukhona iDwala elahamba noIsrayeli. Futhi ngenkathi uMose eselungela ukufa, wama phezu kwaleliDwala. NaleloDwala lalinguJesu. Niyakhumbula ngenkathi uJesu ekhuluma, ku—kuJohane oNgc., isahluko 6 na?

Awu, wathi, "Obaba badla imana ehlane!"

125 Wathi, wathi, "UBaba waMi wanipha leyomana." Wathi, "Ya, badla imana. Kunjalo. Futhi bona, bonke, bafile, ngoba abakwazanga ukuqhubeka nokuqhubekela phambili, niyabo." Wathi, "Bona, bonke, bafile." Kodwa wathi, "Mina ngiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini.

126 "Obaba bethu baphuza eDwaleni. UMose washaya iDwala," wayesethi, "namanzi aphuma."

Wathi, "NgiyileloDwala elalinaye."

127 Futhi bukani, ngenkathi uMose efa, wama phezu kwaleloDwala. Niyazi ukuthi kwenzekani na? IBhayibheli lasho ukuthi "Izingelosi" zifika zamthatha.

128 Umehluko onje kuleyo enye insizwa! Leyonsizwa, niyabo, ngenkathi ifa, yayingenamuntu owayezoyibamba, ngakho yavele yacwila phansi idabula ebumnyameni, yangena esihogweni, futhi ilapho manje, lapho.

129 Kwathi-ke lapho uMose esephuma ekuphileni, ngenkathi esehamba, wayethathe uMholi. Umama wakhe wamhola kahle, uyise wamfundisa kahle. Kwase kuthi-ke lapho esekhulile, insizwa, wayesethi-ke, "Ngibona ukuPhila okuPhakade, uma ngizokwehla nalaba abampofu, abantu abanganakiwe, futhi ngihambe nabo, ngoba bangabantu bakaNkulunkulu. Angidingekile. Bengingaba yinkosi, kodwa angifuni ukuba yinkosi. Ngingaba nayo yonke imali ekhona eGibhithe, ngoba ngizoba ngumniniyo. Angiyifuni. Ngiqoka ukuhamba noJesu," kwase kuthi-ke lapho ehamba edlula ekuphileni. Kwase kuthi-ke lapho eqala ukuphuma ekuphileni, wayelapho uMholi waKhe ukuba ambambe ngesandla.

130 Animfuni lowoMholi na? Sonke asimfuni yini lowoMholi ukuba ambambe ngesandla saKhe na?

131 Iminyaka engamakhulu kamuva, wabonwa enoMholi wakhe omkhulu. Wayemholile. Wenza u—wenza ukukhetha, kobusha bakhe, futhi ngakho-ke uNkulunkulu wayembambile.

132 Niyazi ukuthini? Isicebi sisesihogweni, leyonsizwa eyodwa ecebile eyalayo. Niyabo, manje khumbulani, yayinemfundo, yayinenkolo, yayiya esontweni, yayiyindoda elungileyo, kodwa yamala uJesu. Niyabo?

133 Futhi lensizwa, yayifundile, futhi yayinenkolo, kodwa yayifuna uJesu. Niyabo, uMose wayeyoba yindoda ecebe kakhulu kuna—kunalomfo osemusha ayeyoba yikho, ngoba nje wayenemali, mhlawumbe amapulazi nezinto ezinjalo, futhi mhlawumbe ezombusazwe kanjalonjalo, kodwa uMose wayezoba yinkosi phezu komhlaba. Futhi washiya konke lokho.

134 Futhi niyakwazi lokho, bantwana na? Lapho kungasekho-Gibhithe, nalapho kungasekho-ngcebo, uyobe esalokhu ekhona uMose, ngoba wakhetha into efanele. Niyabo? Wakhetha into efanele ukuba imhole.

135 Lapho kungasekho-zivivane ezinkulu! Niyafunda ngezivivane eGibhithe na? Ngolunye lwalezizinsuku, ziyoba wuthuli, phansi kwebhomu le atomu. Yonke imicebo yezwe, abantu bayowuphosa emoyeni, futhi bampongoloze, futhi bathi ubolisa kancane kancane enyameni yabo, futhi bampongoloze futhi baklewule. Niyabo, uyodlula.

136 Kodwa labo abemukela uJesu ukuba abahole, abasoze bafa. BanokuPhila okuPhakade. Nakuba befa ngokwemvelo lapha, uJesu uyobuye abavuse futhi.

137 Nifanele nenze ukukhetha. Ukukhetha kwenu kuyonquma ukuthi isiphetho saphakade lenu siyoba yini. Khumbulani, uJesu ucela ngamunye wethu, "Ngilandeleni uma nifuna ukuPhila." Niyabo, ubuholi, "Ngilandeleni, futhi niyoba nokuPhila okungunaphakade." Futhi ngineqiniso, ngisho nakithi esibadala, sithola okuthize kulokhu, nathi. Uma nifuna ukuPhila, nizofanele niKwemukele. Uma nifuna inkolo, yemukeleni. Uma nifuna . . . Enizokwenza, enikwemukelayo, yilokho enizokuthola. Kodwa kimi nakini, nakulababantwana abancane, khumbulani, ninesimemo. UJesu wathi, "Ngilandeleni, futhi nibe nokuPhila okuPhakade." Yilokho esifuna ukukwenza, asifuni na?

138 Manje bangaki kini ofuna ngempela ukulandela uJesu, futhi wena uthi, "Awu, awu, uma sengimkhulu ngokwenele futhi sengimdala ngokwenele ukuba ngenze ukukhetha kwami, nokwenza lokho . . . anginandaba ukuthi nginamalini, ngimpofu kangakanani, baningi kangakanani abantu abangihlekayo, noma konke okunye, ngifuna ukulandela uJesu. Ngifuna ukwenza ukukhetha kukaMose, hhayi insizwa ecebile"? Bangaki ofuna ukwenza lokho khona lapha na? Manje nifuna ngempela ukukwenza na?

139 Ngifuna nisukume kanye nami. Ngifuna ubeke isandla sakho sokunxele enhliziyweni yakho, bese uphakamisa isandla sakho sokudla. Ngifuna uvale amehlo akho manje bese ukhothamisa ikhanda lakho, bese nje nisho lamazwi emva kwami. [Ibandla liphinda umusho ngamunye emva kukaMfowethu Branham, kulomkhuleko olandelayo—Umhl.]

140 Jesu othandekayo, ["Jesu othandekayo,"] ngithembisa impilo yami kuWe.. ["Ngithembisa impilo yami kuWe."] Ngiyizwile lentshumayelo, ["Ngiyizwile lentshumayelo,"] lapho izinsizwa ezimbili zenza khona ukukhetha kwazo. ["lapho izinsizwa ezimbili zenza khona ukukhetha kwazo."] Angifuni ukuhamba ngendlela yombusi osemncane ocebile. ["Angifuni ukuhamba ngendlela yombusi osemncane ocebile."] Kodwa ngiyafuna ukuhamba ngendlela kaMose. ["Kodwa ngiyafuna ukuhamba ngendlela kaMose."] Ngisengumntwana nje, nokho. ["Ngisengumntwana nje, nokho."] Ngihole, Jesu Othandekayo, ["Ngihole, Jesu Othandekayo,"] ngiye ekuPhileni okuPhakade. ["ngiye ekuPhileni okuPhakade."] Amen. ["Amen."]

Manje khothamisa ikhanda lakho.

141 Jesu othandekayo, ngoluny'usuku, ohambweni lwaKho oluya endaweni engcwele lapha emhlabeni, baletha kuWe abafo abancane abanjalo njengoba bengikhuluma kubo kulentambama. Nabafundi bathi, "INkosi ikhathele kakhulu.

Ishumayele kulokhu ukusa. Ishumayelile, *lokhu* na *lokho,* futhi Ikhathele kakhulu. NingaYikhathazi."

142 Kodwa, Jesu, Wathi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo."

143 Nkosi Nkulunkulu, namhlanje yemukela lababafana abancane namantombazane lapha, kulesisikole sokulunga, lapha lapho umfowethu eze wehluka ohlangothini lwasehlane lapha, ukukhipha imindeni efisa ukuzehlukanisa nezinto zezwe, ukugogobalela Wena kuphela. Futhi manje abancinyane babo balapha, bebhekisisa izimpilo zikayise nonina, njengoba si—siyizibonelo kukho konke esikwenzayo. O Nkulunkulu Othandekayo, Mdali wamaZulu nomhlaba, qondisa izinyawo zethu, Nkosi, ukuthi asizukwenza lutho phambi kwalaba abancinyane, ezobeka isikhubekiso endleleni yabo. Ngokuba kuthiwa, kungcono ukuba sibe netshe lokugaya liboshelwe entanyeni yethu, futhi siphoswe olwandle, kunokukhubekisa omunye walaba abancinyane. Wena wathi, "IziNgelosi zabo zibheka njalo ubuso bukaBaba waMi oseZulwini," iNgelosi enkulu, neNgelosi ebhekayo, ngamunye walemiphefumulo emincane.

144 Njengoba behlezi kulentambama namehlo abo amancane evuleke kakhulu, bebuka futhi bephendula imibuzo, futhi belalele izindaba zeBhayibheli zezingane ezincane, zokuthi lezi'nsizwa ezimbili zakukhetha kanjani ukukhetha kwazo, futhi yileyo ngayinye zinikela ngezimpilo zazo kuWe. O Jehova Nkulunkulu, zihole, zivikele. Futhi kwangathi zingathola loMholi omkhulu, uJesu Kristu, ozihola uma ubaba nomama nothisha sebeqedile ngazo. Kwangathi Ungaziholela ekuPhileni okuPhakade, njengoba Wenza kuMose, njengoba owazo othobile, omncane, umkhuleko womntwana uye kuWe. Ngizinika Wena, Nkosi, njengenceku yaKho, njengemiklomelo namatshana omqhele waKho. Zisebenzise, Nkosi, ukuhlonipha Wena, emhlabeni. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

145 Nani bancinyane, bafo, ninga. . . Manje nizizwa nikahle ngakho manje na? Niyazi ukuthi uJesu uzonihola futhi aniqondise. Anikukholwa lokho na? NoJesu uzonenza nina bafanyana nibe njengoMose noMiriyamu nje, umprofethikazi nomprofethi, uzokwenza abantu abakhulu ngani.

146 Manje, thina bantu asebebadala, esiMemukelile, asiMfuni yini ukuba asiholele phambili, nathi na? Ngifuna Yena ukuba angiholele phambili, aqondise izinyawo zami, abambe isandla sami. Niyabo? Futhi ngisho nalapho sengehlela emfuleni, ngi—ngifuna ukubamba isandla saKhe. Sonke siyakufuna lokho, asikufuni na?

147 Jesu othandekayo, sihole, nathi, Baba. Manje sesilungiselela ukwehlukana. Kufanele ngibuyele eTucson. Kufanele ngilungiselele imihlangano ezayo. Nkulunkulu, nginikela

leliqembu labantu, uMfowethu Leo noMfowethu Gene, nabobonke abalandeli lapha, ezandleni zaKho, ukuthi Uzobabusisa futhi ubathande, uthethelela bonke ububi babo, uphilisa zonke izifo zabo, ubagcina njalo othandweni nenhlanganyelo, futhi ukhuthaze labo abazo . . . bakhathazeke. Futhi ngesinye isikhathi uSathane angahle afike futhi ababangele ukuthi batheneke amandla, kodwa, khumbula, naWe wedlula entweni efanayo, ukutheneka amandla, washiywa ngu—ngumuntu walomhlaba, nabantu. Futhi ngezinye izikhathi abangane abathandeka ukwedlula bonke impela, ngisho nasekuhlobaneni, siyashiywa. Kodwa ukhona oYedwa esimkhethile, Akasoze asishiye noma asiyeke.

148 Sihole, Nkosi, ekuPhileni okuPhakade. Ngikhulekela ukuthi Uzopha ukuthi singahlangana ndawonye izikhathi eziningi kakhulu, emhlabeni, futhi sikhulume ngaWe futhi sixoxe ngaWe. Bese kuthi-ke ngaloloSuku olukhulu, lapho izwe seliphelile naso sonke isikhathi sesishabalale sangena ePhakadeni, kwangathi singahlangana kulowoMbuso omkhulu, njengemindeni engephukile, ukuba sihlale ndawonye emva kwalokhu ingunaphakade. Siphe khona, Nkosi. Kuze kube ngalesosikhathi, kwangathi singasebenza, sisebenze ngokuzikhandla ngawo onke amandla ethu, ngesikhathi ilanga lisakhanya. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

149 UNkulunkulu anibusise ngamunye wenu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Ngesiqondiso seseluleko saKhe, uyaneseka,
Ngezingalo zaKhe eziphephile uyanimboza;
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane! size sibonane! (Ngiyabonga, bantu.)
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

UNkulunkulu anibusise nonke.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org